basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2017**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-9.**

**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO**<br><br>(Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo<br>Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | **Ingxenye engenhla** | **28–30** | **22–24** | **16–18** | **10–12** | **4–6** |
| | | -Impendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle impela<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo eyenelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana | -Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali kunophindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana |
| | **Ingxenye engezansi** | **25–27** | **19–21** | **13–15** | **7–9** | **0–3** |
| | | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene |

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)**

<table>
<tr><th>Okungabonwa ngakho</th><th></th><th>Okungavamile</th><th>Okunekhono</th><th>Okusendimeni</th><th>Okuqalisayo</th><th>Akwanelisi</th></tr>
<tr><td rowspan="4">ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi<br><br>AMAMAKI AYI-15</td><td rowspan="2">Ingxenye engenhla</td><td>14–15</td><td>11–12</td><td>8–9</td><td>5–6</td><td>0–3</td></tr>
<tr><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe</td><td>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe</td><td rowspan="3">-Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda</td></tr>
<tr><td rowspan="2">Ingxenye engezansi</td><td>13</td><td>10</td><td>7</td><td>4</td></tr>
<tr><td>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba</td><td>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle</td><td>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo</td><td>-Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo</td><td></td></tr>
<tr><td rowspan="2">ISAKHIWO<br><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho<br><br>AMAMAKI AYISI-5</td><td rowspan="2"></td><td>5</td><td>4</td><td>3</td><td>2</td><td>0–1</td></tr>
<tr><td>-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu</td><td>-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukucacisa okuhle,<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile</td><td>-Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo</td><td>-Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha</td><td>-Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo</td></tr>
</table>

| **Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa** | **AMAKHODI AMAMAKI** |
|---|---|
| SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile. | |
| NQ- ukunqamula | |
| PND- ukuphindaphinda | Q = 30 |
| PH – uphawu lokubhala olungemukelekile. | L = 15 |
| L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile. | SK = 05 |
| // – khombisa isigaba esisha. | **50** |

NK – inkathi engemukelekile.
'Si – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi mqondo.
ISIV. – isivumelwano esinganembi.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ – ukwehlukanisa amagama.
⊂⊃ – ukuhlanganisa amagama.
√ – ulimi oluhle.
} KM - isigaba esingenzi mqondo

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

## OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indaba yakhe iphetha ngala mazwi … Ngiyazesaba izinkundla zokuxhumana. Le ndaba ingaveza izinto ezingamahlazo/ezimbi/ezibuhlungu/ezimangalisayo ezivezwa yizinkundla zokuxhumana ezahlukahlukene. **[50]**

1.2 **Amasongo Akhala Emabili**
Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yesaga ethi umuntu uyaphumelela uma efuna usizo kwabanye/umuntu uyaphumelela uma kukhona asizana naye, elekelelana nomunye noma kukhona abonisana naye. **[50]**

1.3 **Ubuhle Nobubi Bemfundo Yamahhala Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme**
Ohlolwayo makabonakale ethinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo.

Ubuhle: Zonke izingane eziphumelele kahle zizolithola ithuba lokuthola imfundo yasezikhungweni zemfundo ephakeme noma ngabe ziphuma emakhaya antulayo. Ukwehla kwemibhikisho ezikhungweni zemfundo ephakeme, ukwethula abazali umthwalo wokukhokha, isimo somnotho sizokwenyuka, inani lezifundiswa lizokwanda, njll.

Ububi: Ukucekelwa phansi kwengqalazisinda, ukwehla komnotho, ukungazimiseli kwabafundi ezifundweni zabo, njll. **[50]**

1.4 Ohlolwayo makachaze ngalesi sinqumo esihle sikaHulumeni nokuthi uyakuqonda okwenzekayo mayelana nesifo sesandulela ngculazi. Isib.

Ukwehla kwesibalo sabantu ababulawa yileli gciwane. Ukwehla kwesibalo sezingane ezikhula ziyizintandane, ukunakekelwa kwawo wonke umuntu ngokulinganayo, ukuhlonipha ilungelo likawonkewonke lokuphila, ukuncipha kwesibalo sabasebenzi abaphutha emsebenzini ngenxa yokugula, njll.

Ukukhuthaza abantu ukuba bangazivikeli ngoba bazi ukuthi banikwa imishanguzo, ukuchitha imali eshisiwe nguHulumeni ngenxa yesibalo esikhulu esizohlinzekwa ngemishanguzo, ukuba sebudlelwaneni nabantu abaningi ngesikhathi esisodwa, njll. **[50]**

1.5 Ohlolwayo kufanele athathe uhlangothi zisuka nje. Avumelane noma aphikisane nesihloko. Uma evumelana nesihloko akaveze ubuhle obulethwa amathuba anhlobonhlobo athuthukisa intsha. (isib. Ukwanda kwentsha enamabhizinisi, ukuvuleka kwamathuba emisebenzi kubantu abasha, ukuxhaswa kwentsha nguHulumeni.) Uma engavumelani nesihloko, (Isib. Ukuqashwa kwentsha kusetshenziswa izindlela ezingekho emthethweni, ukunikezwa kwabantu imisebenzi abangenalo ikhono layo kungehlisa umnotho wakuleli). **[50]**

1.6 1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Lesi sithombe singaba nomqondo osobala noma ojulile.
Isib. sesihloko:

Ukubaluleka Kwamanzi/Ubuhle Bemvelo/Mhla Ngivakashele Endaweni Enhle/Iholidi Elaba Ingqayizivele/Izikhukhula. **[50]**

1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Lesi sithombe singaba nomqondo osobala noma ojulile.
Isib. sesihloko:

Ukuzikhandla Kuzala Impumelelo/Uma Impumelelo Isifikile Akekho Ongayivimba/Akekho Ongama Endleleni Yakho Yempumelelo. **[50]**

1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Lesi sithombe singaba nomqondo osobala noma ojulile.
Isib. sesihloko:

Vuka Uzenzele/Xosha Indlala Ekhaya/ Isihlalandawonye Sidla Amajwabu Aso. **[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI**<br><br>Impendulo kanye nemibono<br>Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **13–15**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile | **10–12**<br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni<br>-Kunamaphushana<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana | **7–9**<br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni – inamaphutha esendimeni<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa | **4–6**<br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | **0–3**<br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-10** | **9–10**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo | **7–8**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Kunamaphushana | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo | **3–4**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo awusalandeleki kahle | **0–2**<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu |

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**UMBUZO 2**

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**
**Q = 15**
**L = 10**

**OKULINDELEKILE**

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lihamba nosuku. (12 kuLwezi 2017, 12 Novemba 2017)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma umgagule ngegama isibonelo: Mzala/Langelihle
- Isingeniso: siba sifushane. Asikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwababhalelanayo/nenhloso.
- Umzimba: umayelana nemikhuba emibi nokuxwayisa ngobungozi nemiphumela emibi ekhathaza umndeni wakhe.
- Isiphetho: kumele ohlowayo avalelise, angaveza ukuthi uyathemba basazolithola ithuba lokuxoxa kabanzi ngalolu daba uma sebebonana ngokuzayo/ khonza kubo bonke ekhaya.
- Valelisa ukhombise ubuhlobo isib. Yimina umzala wakho
- Asifakwa isibongo isibonelo: uMlilizeli

**[25]**

2.2 **ISIBUYEKEZO**

- Ohlolwayo makaveze la maphuzu abhekise kule filimu ayibukile.
- Imininingwane yefilimu: Uhlobo lwefilimu, isihloko sefilimu, abalingiswa befilimu, umbhali, umqondisi, idlala isikhathi esingakanani, abadidiyeli.
- Isibuyekezo sefilimu: Ukuchaza ifilimu ngamafuphi ubhekise engqikithini yencwadi.
- Makuvele umbono wohlolwayo ngaleli filimu lencwadi ekade eyibuka. Angancoma noma agxeke. **[25]**

2.3 **INKULUMO-MPENDULWANO**

- Ohlolwayo akaqale ngokubhala isihloko, isib. Inkulumo-mpendulwano Phakathi Kukathishomkhulu, Umzali Kanye Nomfundi
- Ohlolwayo makabhale isethulo senkulumo-mpendulwano (iphakathi kobani, indawo abakuyo futhi imayelana nani)
- Makaqambe abazokhuluma amagama (bathathu) uyena, umzali kanye nothishomkhulu (isib. uThoko, uZondi (uthishomkhulu) kanye noMaBhengu (umzali).
- Amagama awabhalwe ngasesandleni sokunxele sekhasi alandelwe ikholoni.
- Ohlolwayo makasebenzise umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Isingeniso: inkulumo ayingeniswe ngokubingelelana nokuzethula.
- Umzimba: mawunamathele engqikithini yenkulumo-mpendulwano.
- Isiphetho: masikhombise ukuthi inkulumo isifike emaphethelweni. Kungaba nesivumelwano nesixazululo.

**QAPHELA:** imizwa yabalingiswa kumele ivele enkulumeni yabo. Kumele kugwenywe ukusetshenziswa kwenkulumo ekubakaki. **[25]**

2.4 **UMLANDO KAMUFI**

- Isihloko masibhalwe sigqame sibe namagama kamufi aphelele, isib. Umlando kaMaqhinga Ngqayizivele Dlongolo
- Isigaba sokuqala: Makubhalwe amagama akhe aphelele, usuku azalwa ngalo, uzalwa ngobani, wazalelwa kuphi.
- Isigaba sesibili: Izikole zemfundo afunda kuzona.
- Isigaba sesithathu: Izikhundla abekuzo esikoleni neqhaza ebelibambile ekuthuthukiseni isikole senu/indawo yangakubo.
- Isigaba sesine : Abantu abayigazi lakhe abashiye emhlabeni.
- Ekugcineni kungaphethwa ngomusho omfushane wokumvalelisa, Isib. Lala uphumule Mawandla/Ulale ngokuthula/ngoxolo **[25]**

2.5 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

- Isihloko: Inkulumo yethulwa ubani, uhlobo lomcimbi, usuku, indawo, isikhathi.
- Isingeniso: Ukubonga ithuba alinikiwe, ukubingelela izethameli ngokwezikhundla zazo.
- Umzimba: mawunamathele engqikithini.
  Isib. Makachazele/makabagqugquzele abantu abasha ngokubaluleka kosuku lwamagugu.
  Inkulumo mayikhombise ukuthi isiya emaphethelweni ngokuthi aphonse inselelo yokuqhakambisa usuku lwamagugu kunokuzijabulisa.
- Isiphetho: makaphinde abonge ithuba kumphathi wohlelo nezethameli **[25]**

2.6 **INCWADI YOMSEBENZI**

- Iba namakheli amabili.
- Ikheli lobhalayo lihambisane nosuku. (15 kuMfumfu 2017; 15 Okthoba 2017)
- Ikheli lesibili lobhalelwayo liqala ngesikhundla sobhalelwayo (Mqondisi), alubhalwa usuku.
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Isib: Mnumzane/Nkosazana/Nkosikazi, njll
- Mayibe nesihloko: Isib. Incwadi Yesicelo Somfundaze/INCWADI YESICELO SOMFUNDAZE
- Isingeniso: Obhalayo makazethule anikeze isizathu sokubhalwa kwencwadi.
- Umzimba: Makazidayise enkampanini ukuze kubonakale ukuthi kungani kufanele athole umfundaze. Makathembise ukuvolontiya uma kuvalwa izikole ukuze acobelele ngolwazi nekhono uma eseqedile ukufunda.
- Isiphetho: Makuvele ukuthi uzokuthokozela ukuthola lo mfundaze.
- Makavalelise akhombise ukuzithoba isib. Yimina ozithobayo
- Kubhalwa igama nesibongo isibonelo: uNtokozo Khumalo **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**